



Ukuhlomisa izingane zethu
ngelikusasa

Isiqinisiso 2

Isihloko sesifundo: Isibusiso

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya



Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **Isibusiso**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi uthule kanjani lesi Sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	<p>Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofaza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS</p>
2.	<p>Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo:</p> <ul style="list-style-type: none"> • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). <p>Qaphela:</p> <p>2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile.</p> <p>2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho!</p> <p><i>Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.</i></p> <p>2.3: Lesisifundo silungele ibanga lesiQinisiso 2.</p> <p>2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho wesiQinisiso uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.</p>
3.	<p>Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba uthule ngayo.</p>



Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezululeko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. Isibonelo: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela (I Also Want To....)
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo sesi**Qinisiso -2** nomunye umndeni osifundayo nawo.
2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.
3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.
4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha mayelana nemidanti engezekileyo.



Isifundo

Isihloko	Isibusiso
Umbhalo weBhayibheli	UGenesisise 32: 10 & 26, uMathewu 14: 15-21, uMatewu 13: 3-8, uDuteronomi 11: 26-27 noMathewu 21: 22
ICatechism & Q&A	Isahluko 4 & 12, I-Q & A 260 - 270, 660 – 672
Inhloso yesifundo	AbaQinisiswa bazi ukuthi babusiswa kanjani nguNkulunkulu nokuthi iyini imiphumela yesibusiso ezimpilweni zabo.

Isifundo esifingqiwe:

Ingabe siyini iSibusiso na?

Isibusiso siyindlela yokubonisa ukunakekela kothando kukaNkulunkulu, okungekho noyedwa ongakuthola njengeholo. Ukubusiswa kusho ukwamukela izinto ezinhle ezivela kuNkulunkulu. Isibusiso siqukethe amandla obuNgcwele kanye nesiqinisekiso sokuthi uNkulunkulu unikeza usizo nokuholwa nguYe. Okuphambene nesibusiso **yisiqalekiso**.

UNkulunkulu uvame ukunikezela ngesibusiso saKhe ngabantu abathunywe nguYe ngale njongo, okungukuthi abaKhonzisi (IziNceku) bethu. Akekho ongazibusisa. Isibusiso siyathuthuka lapho kunokukholwa khona kanye nemiphumela yesibusiso ihlala njalo incike esimweni sengqondo nasekuziphatheni kwalowo obusiswayo. Isibusiso yisipho esivela kuNkulunkulu esingavuselelwa njalo. Isibusiso singanwetshwa (singanabela / sigelezele) futhi nangokudlulele kumuntu ositholile kuze kube nakwizizukulwane ezizayo.

Ingabe uNkulunkulu ubusisa nini, ubani futhi ngani na?

- Ekupheleni kwezinkonzo eziNgcwele - emishadweni
- Ekubhathizweni okuNgcwele - omama abakhulelwe
- EkuGcotshweni ngoMoya oNgcwele - ezikhathini zomshado
- KwisiQinisiso - iminikelo
- Ekuthembisaneni umshado - ukudla esikudlayo

Ingabe sibaluleke ngani isibusiso na?

Izibusiso zibaluleke kakhulu. Izibusiso uJakobe azithola kuBaba wakhe nakuNkulunkulu zaba nomthelela empilweni yakhe yasemhlabeni - uGenesisise 32: 10 & 26. INkosi uJesu yenza ukuba abantu abayi-5000 bondliwe ngezinhlanzi ezimbili nezinkwa ezinhlanu - uMathewu 14:15 -21.



Ingabe uyini umphumela wesibusiso na?

Kuyacaca ukuthi isibusiso sikaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi singaqhubeka nokwanda njalo.

Ngomfanekiso womhlwanyeli uJesu Kristu wabhekisa ekutheni izwi likaNkulunkulu lamukelwa kanjani. Ngokuya ngesimo senhlabathi imbewu ayizukuveza isivuno esihle - uMathewu 13: 3-8. Isibusiso sikaNkulunkulu asikwazi ukukhula ngaphandle kokholo, isimo esihle nokuziphatha okuhle.

Ingabe sisithola kanjani isibusiso sikaNkulunkulu na?

Ukuze sibusiswe, isimo sethu sengqondo sidlala indima ebalulekile kulokhu. Sizobusiswa uma sizivula kakhulu izinhliziyi zethu ngokomsebenzi waKhe. Lokhu kusho ukuthi:

- Ngifuna ukulalela imiyalo kaNkulunkulu!
- Ngifuna ukuphila ngokuvumelana nezimfundiso zikaJesu nezabaPhostoli.
- Ngifuna ukusikhulekela isibusiso sikaNkulunkulu! Isibonelo, ngiyathandaza: “*Baba waseZulwini, ngisize ngifaneleke futhi busisa engikwenzayo emsebenzini waKho*”.
- Ngifuna ukwenza isifungo sami futhi ngisigcine isithembiso sami eNkosini uNkulunkulu!

Ingabe uyini umphumela wesibusiso sikaNkulunkulu kithina na?

Isibusiso sikaNkulunkulu silonda futhi sandisa lokhu okulandelayo ngaphakathi kwethu:

- **ukuthula** okuNgcwele okusinika ukuthula kwangaphakathi;
- **uthando** lukaNkulunkulu olusenza sikwazi ukuthanda umakhelwane wethu njengoba sizithanda thina;
- **injabulo** emsebenzini kaNkulunkulu esivumela ukuthi siphile ngenjabulo ekukholweni kwethu, ukumvuma uNkulunkulu kanye nokwenza imihlatshelo (ukunikela).
- **ukuhlakanipha** kokuhlonipha uNkulunkulu okusenza sikwazi ukubona nokwamukela intando kaNkulunkulu futhi senze ngokuvumelana nakho;
- **ikhono lokuthanda** uBaba wami waseZulwini nokuhlala ngithembekile kuYe kuze kubuye uJesu Kristu.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

Sifuna ukukhumbula ukuthi sibusiswa kanjani nguNkulunkulu nokuthi iyini imiphumela yesibusiso saKhe ezimpilweni zethu.

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe ungachaza yini igama ‘isibusiso’ na?

Impendulo: Isibusiso sikhombisa ukunakekelwa kothando lukaNkulunkulu; okungekho noyedwa ongasizua njengeholo.



2. Ingabe isibusiso singavuselelwa yini na?

Impendulo: Yebo, singanwetshwa (sinabele / sigelezele) nangokudlulele kumuntu ositholile size sifinyelele kuzizukulwane ezizayo.

3. Ingabe kusho ukuthini ukubusiseka na?

Impendulo: Isibusiso sikaNkulunkulu ngaso sonke isikhathi siholela ekwandeni (ekukhuleni ngezinga).

4. Ingabe yini okufanele siyenze ukuze sibusiswe nguNkulunkulu na?

Impendulo: Kufanele sizivule kakhulu izinhliziyi zethu ngokomsebenzi waKhe futhi sazi ukuthi isimo sethu sengqondo nokuziphatha kwethu kudlala indima ebalulekile ekusitholeni isibusiso.

5. Ingabe uyini umphumela wesibusiso sikaNkulunkulu kimi na?

Impendulo: Isibusiso sikaNkulunkulu singalondoloza futhi sandise ukuthula, uthando, injabulo nokuhlakanipha ngaphakathi kwami futhi kunginike ikhono lokuthanda uNkulunkulu nokuhlala ngithembekile kuze kubuye uJesu Kristu.

Amanothi angeziwe Bazali Abathandekayo

1. Njengengxenywe yomsebenzi wesikole, ingane yakho kufanele izilungiselele ngokuqinile ukuthola isiqinisekiso sayo.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen